## INDLELA kaJOHN BOSCO OYINGCWELE YOKUSEBENZELA ABANTWANA NABASHA. (1)

Kungani ukuthi uJohn Bosco akhetha lendlela yokusebenzela abantwana nabasha?

- Izehlakalo ezimbili ezilandelayo ebuntwaneni bakhe zamfunzelela.
    - Ulwazi lwakhe ngendlela abapriste nabadala ababephatha ngayo abantwana nabasha.
    - Iphupho noma umbono abenawo engumfana oneminyaka yesishiyagalolunye.

### ISEHLAKALO SOKUQALA

UJohn Bosco, uma enemiyaka eyisishiyakalolunye, ubehamba nonina endleleni eya ekhaya ntambama. Umpriste othile ubehamba ngaleyondlela futhi.
Uma esondela, uJohn Bosco wabingelela umpriste ejabulile.
Kodwa umpriste wadlula ethulile.
UJohn Bosco wathi kunina: "Mama, akazange angibingelele."
Unina waphendula wathi kuye: "Mntanami, abapriste banemisebenzi eminingi. Abanaso isikhathi sokunaka abantwana."
UJohn waphendula wathi: "Kodwa uJesu abenesikhathi sokunaka abantwana. Uma sengumpriste ngizobanesikhathi sokunaka abantwana."
Unina wamamatheka kuphela, ecabanga: "Kungenzeka ukuthi umntanami abe ngumpriste. Uhlakaniphile, uthanda ukuthandaza nokufunda ikhathekhisimu. Kepha anginamali yokumngenisa esikolweni."

### ISEHLAKALO SESIBILI

### IPHUPHO LIKAJOHN BOSCO ENGUMFANA ONEMINYAKA YESISHIYAKALOLUNYE.

Sithola umthombo webizelo likaJohn Bosco embonweni abenawo engumfana oneminyaka yesishiyagalolunye.
Kulombono uJohn Bosco ubedlala nesixuku esikhulu sabantwana nabasha ebaleni eduze nesekhaya.
Abanye babedlala, abanye babexoxisana kodwa cishe bonke babeziphatha kabi. Babelwa. Babeqalekisa. Babekhumluma amazwi amabi, babedelelana.
UJohn Bosco wazama ukukhawulisa ukuziphatha kwabo okubi ngokulwa nabo nangokubashaya ngezibhakela nangenduku.

Yase indoda ibonakala kuye. Ubuso bayo bebukhanya kangangokuthi ubengakwazi ukuyibuka. Yabiza uJohn Bosco ngegama lakhe, yamtshela ukuthi ahole, aqondise labobantwana nabasha yathi:
"Uzobenza labobantwana abangane bakho hayi ngokubashaya ngezibhakela nokulwa, kodwa ngomusa nobunene. Ngakho-ke qala manje ukubakhombisa ukuthi ububi abulungile ngokuthi ukuziphatha okuhle kulungile.
UJohn Bosco wathi kuyo: "Ngingumfana nje. Kulukhuni ukuqondisa lababantwana."
Lendoda yathi kuye: "Okubonakala kungathi kulukhuni ufanele ukukwenza ngomusa nobunene nemfundo."
UJohn Bosco waphendula wathi kuyo: "Ngizokwenza lokhu kanjani"
Lendoda yathi kuye: "Ngizokunika uthishela ozokufundisa indlela yokufeza lokhu."
John Bosco wabuza wathi:
"Wena ungubani."
Indoda yaphendula yathi:
"Mhlawumbe awungazi. Kodwa uyamazi umame wami."
Yase ivela inkosikazi, yathi kuJohn:
"Bheka lokhu engizokwenza."
Yaqala ukukhulumisa labantwana nabasha ngomusa.
Nabo bayekela masinyane ukuziphatha kwabo okubi.
Yase ithi kuJohn Bosco: "Ufanele ukusebenzela abantwana nabasha , ubaqondise kuJesu iNdodana yami."
Leyondoda naleyonkosikazi babenguJesu nonina wakhe uMaria.
Bathi kuJohn Bosco:
"Sifuna ukuthi uzinikele ekusesebezeleni abantwana nabasha hayi ngokubashaya ngezibhakela nokulwa nabo, kodwa ngomusa nangothando nangokubafundisa imithetho kaNkulunkulu."
Kusukela kulesosikhathi uMaria, unina kaJesu, waqondisa uJohn Bosco ekuphileni kwakhe konke nasemisebenzini yakhe yonke ngenxa yabantwana nabasha.
Kusukela kulesosikhathi uJohn Bosco akakhohlwanga lowombono nalelobizelo, walungisela ibizelo lakhe ngomdlandla nokuqiniseka nokuthembeka, noma ehlangana nezinkinga nezivimbelo eziningi ekuzilungiseleleni kwakhe ukuba umpriste.

## INDLELA YESIJEZISO NEMBANDEZELO NOVALO

- Indlela evamile yemfundo ngesikhathi sikaJohn Bosco yabizwa ngokuthi: INDLELA YESIJEZISO NEMBANDELELO NOVALO.
- Isisekelo salendlela yilesi esilandelayo:

- Imithetho imenyezelwa obala.
- Isijeziso sokungagcini imithetho simenyezelwa obala.
- Ukungagcini imithetho kujeziswa.
- Izisekelo zalendlela yilezi:
    - Izinsongo.
    - Uvalo.
    - Izijeziso.
    - Abadala abanegunya phezu kwabantwana nabasha bafanele ukukhombisa njalo njalo ubuso obunonya nobusongelayo, bangabi nobudlelwane nalabo ababasebenzelayo.
- Lendlela ilula kubothishela nalabo abanegunya phezu kwabantfwana nabasha; futhi-ke ayinankathazo kubo.

❖ Esengumfana uJohn Bosco akathandanga lendlela yokuphatha abantwana nabasha. Abengajabuli ngokudonda kwabadala ukuba nobudlelwane nabantwana nabasha.

## INDLELA kaJOHN BOSCO YOKUSEBENZELA ABANTWANA NABASHA.

❖ Indlela kaJohn Bosco beyingasiyo indlela ehleliweyo ngaphambi kokuthi aqala ukusebenzela abantwana nabasha.
Beyiyisithelo sokukholwa kwakhe ukuthi yilowo nalowo muntu unesithunzi esikhulu esijulile sokudalwa ngokomfanekiso kaNkulunkulu nesolwazi lwakhe lokusebenza nabantwana nabasha.

Isisekelo sendlela yakhe yilesi esilandelayo:

- UNkulunkulu uluthando.
- Uthando olungenamkhawulo uNkulunkulu athanda ngalo yilowo nalowo muntu.
- UNkulunkulu wadala abantu ngomfanekiso wakhe.
- Ngakho-ke wabadalela ukuphila kothando.
- UJesu yisibonakaliso saloluthando lukaNkulunkulu.
- Uthando oluyilo lusho ukuthi ukudela ukuphila ngenxa yabanye.
- UFrancis de Sales (1567-1622) wasekela phezu kothando nomusa imisebenzi yakhe yonke yokukhuthaza amakhatholika ahlubukile eBandleni eliKhatholika angenile emabandleni amanye ukuthi babuyele eBandleni eliKhatholika. Noma ahlaselwa, adelelwa, aphikiswa, aphathwa ngendluzula, waqhubeka nalomsebenti wakhe ngomusa nangothando. Wanceda abaningi ukuthi babuyele eBandleni eliKhatholika.

- UJohn Bosco (1815-1888) bemazi uFrancis de Sales ngekufunda ngaye ezincwadini.
- UJohn Bosco wathanda isibonelo sikaFrancis de Sales, wakhetha ukumlingisa emisebenzini yakhe.
- UJohn Bosco wasekela umoya wakhe nendlela yakhe yokusebenzela abantwana nabasha phezu kothando nomusa.

❖ Indlela kaJohn Bosco yenqika phezu kwezisekelo ezintathu ezilandelayo:
  - Inqondo (ukuxoxisana)
  - Ukholo.
  - Uthando nomusa.

❖ Indlela yakhe ithinta inqondo.
❖ Indlela yakhe ithinta inhliziyo.
❖ Indlela yakhe ithinta ukulangazela komuntu ukwazi nokudumisa uNkulunkulu.
❖ UJohn Bosco wahlala nabantwana nabasha kuOratory, eTurin, Italy, enyakeni wa-1841, waphila nabo ngesimo sokuphila esabanceda ukukhula kahle emoyeni nasemizimbeni nasemfundweni.
❖ Wabiza lolulwazi lwakhe INDLELA YOKUVIMBELA. Ngobukhona bakhe obugcwele uthando nomusa nokunakekela uJohn Bosco wavimbela abantwana nabasha bakhe ukuwela ezilingweni nasebubini.
❖ UJohn Bosco wasishiyela indlela yokuziphatha neyokumemezela iVangeli neyokusebenza kanye nabantwana nabasha, ebasiza ukuthi bakhule njengabantu abalungile nabafundi abayibo bakaKristo.

❖ Indlela yakhe ifanele:
  - kuthinta ngokuphelele ukukholwa kwethu kuNkulunkulu.
  - kuthinta ngokuphelele ubudlelwane bethu bonke nabanye abantu.
  - kuthinta ngokuphelele indlela yethu yokuphila emphakathini ngothando olukwazi ukudonsela abanye othandweni.

❖ Lomphakathi ungaba:
  - umphakathi wezindela.
  - umphakathi womndeni.
  - umphakathi wesikolo.
  - umphakathi wabasha.
  - Umphakathi wamakholwa
  - umphakathi emsebenzini.

- Indlela yokuvimbela kaJohn Bosco isho ukuthi:
  - ukuhlala phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obuthandekayo.
  - ukubazi kahle.
    UJesu wathi: "Umalusi olungile uyazazi izimvu zakhe, azibize ngamagama azo."
  - ukwazi imindeni yakubo nesimo sokuphila kuyo.
  - ukwazi izinkinga nobunzima nezinkathazo zabo.
  - ukwazi amasiko abo.

- Indlela yokuvimbela kaJohn Bosco yindaba yenhliziyo:
  - Sidinga ukufunda nokwaneliswa ukuthi sibe khona phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obugcwele uthando nomusa, nokwamukela ukuzinikela okudingekayo ukuze senze njalo. Sifanele ukuqonda ukuthi impilo eyiyo yebuntu idinga ukuzinikela ngenxa yabanye, idinga ukudela ukuphila ngenxa yabanye.
  - UJohn Bosco wakhuthaza abantwana nabasha bakhe ukudlala, ukugijima, ukutshekula, ukucula, ukwenza konke esikhundleni sokwenza izono, naye wabaphakathi kwabo kulobobukhuphekhuphe bonke nakulowomsindo wonke.
    Abanye abapriste babecabanga ukuthu uJohn Bosco uluhlanya. Babefuna ukumgenisa esibhedlela sezinhlanya.
  - Kodwa ukuziphatha kahle kwakukhona.
  - Kwakukuziphatha okwavela othandweni.
    Bebazi ukuthi uJohn Bosco ubebathanda nokuthi ubengumngane wabo .
  - Ngakho-ke, babethokozela ukumlalela.

- Indlela yokuvimbela kaJohn Bosco isho ukuthi:
  - ukusebenza **kanye** nabantwana nabasha **nokubasebenzela.**
  - ukubanika isabelo ekufezeni ikusasa labo.
  - ukuhlonipha isithunzi sayilowo nalowo wabo.
  - ukuqonda ukuthi yilowo nalowo ungumntwana kaNkulunkulu.

## ISISEKELO SOKUQALA SENDLELA SOKUVIMBELA – INGQONDO – UKUXOXISANA.

UJohn Bosco usikhombisa ukuthi uma siphatha abantwana nabasha ngengqondo, sibafunzelela ukucabanga ngokuphila kwabo.

- Sibakhuthaza ukuzindla ngenkambo yabo nangokuziphatha kwabo.

- Sibeka phambi kwabo inselele yokwamukela isibopho ngokuphila kwabo.
- Siyabamukela ebunjanini esibathola kubo, kodwa sibeka phambi kwabo inselele yokukhula ukuze babe abantu abalungileyo namakholwa athembekileyo.

## IZELULEKO EZINGANCEDA EKUPHILENI KWEZINSUKU ZONKE.

Lezizeluleko zingasisiza ukuthi siphathe ngengqondo abantwana nabasha.

1. Chazela abantwana nabasha isisusa sakho sokwenza lokhu okwenzayo.
   - Ungacabangi ukuthi bazoqondisisa masinyane izisusa zakho zalokhu okwenzayo.
   - Ubancede ukwamukela lokhu okucela kubo ngoba babona ukuthi kuhle, hayi ngoba besaba isijeziso.

2. Yethula ngokukhanyayo imithetho yakho.
   - Kaningi abantwana nabasha beqa imithetho ngokungacabangi.
   - Thatha isikhathi sokubachazela ukuthi ubhekani kubo.
   - Abantwana nabasha bakhohlwa ngokushesha.  Ubakhumbuze kaningi

3. Ubanike imithetho elula ukuze bayikhumbule kalula.
   - Kulukhuni ukukhumbula uhlu olude lwemithetho.
     Uhlu olude luhlupha abantwana nabasha, lubanga isibhongo.
   - Imithehto mayibe lula.

4. Zama ukuqondisisa lokhu okwenzayo ezinhliziyweni nasezinqondweni zabo.
   - Bayakhula emzimbeni nasemoyeni.
   - Bayazama kakhulu ukuzazi.
   - Badonswa kakhulu ngesibonelo sabanye abantwana nabasha.
   - Bayazama ukukhululeka nokuzimela ngaphandle kwabantu abadala.
   - Bafunisisa labo abangabalingisa.

5. Lokhu okucela kubo kufanele ukuqondakala.
   - Kufanele kungabi lukhuni kakhulu.
   - Kufanele kungabi okunobulima.

- Bafanele ukuqondisisa ukuthi awuphindiseli.

6. Yiba khona endaweni yakho ngaphambi kokuba abantwana nabasha bafike.
    - Lokhu kungavimbela ubucakacaka obukhulu.
    - Yiba khona eklasini, ebaleni, eholeni, ndawo zonke ngaphambi kwabo, noma ubaphelekezele lapho beya khona.

7. Yiba nabo ngesikhathi sonke ofanele ukuba nabo ngaso. Fika ngesikhathi; ungabashiyi kuze kube omunye athathe indawo yakho.

8. Zama ukuqondisisa ulwazi abanalo ngokuphila kwabo.
    - Abantwana nabasha bathanda ukukhuluma ngolwazi lwabo.
    - Uma uqonda ubunjani babo bamanje nethemba labo ngekusasa labo, kungabasiza ukusebenzisana nawe.

9. Zama ukuzazi iziphiwo ezinhle abanazo, ubancede ukukhula emoyeni ngazo.
    - Abantwana nabasha bathanda ukuthi sibheke iziphiwo zabo ezinhle kunokuthi sibheke ubuthakathaka babo namacala abo.
    - Ngokuqala ngeziphiwo ezinhle abanazo nalokhu abakwazi ukukwenza kahle, ungabasiza kangcono ukuthi bazi ubuthakathaka babo namacala abo nokuthi baqonde isidingo sokuwanqoba.

10. Ubanike amathuba ukuhlanganyela emisebenzini.
    - Uma kungenzeka zama ukunika abantwana nabasha ithuba lekuhlanganyela ekulungiseleni nasekufezeni imisebenzi yonke.
    - Uma behlanganyela ekulungiseleni nasekufezeni imisebenzi , bangasebenzisana kangcono nawe.
    - Ngokuhlanganyela ekulungiseleni nasekufezeni imisebenzi bazofunda amakhono amasha.

11. Zama ukubeka phambi kwabo izinhloso eziphakeme, ubasize ukufunda okunye ngakho konke abakwenzayo.

12. Ubakhuthaze ukubuza imibuzo nokwethula iziphakamiso.
    - Abantwana nabasha bayazi ukuthi ngesinye isikhathi imibuzo yabo ayamukeleki.

- Kaningi abadala abathandi ukuthi abantwana nabasha bethule iziphakamiso.
- Ubameme ukubuza imibuzo nokwethula iziphakamiso. Ngesinye isikhathi iziphakamiso zabo zingaba ngcono kunezakho.

13. Ungalungisi iziphosiso zabo phambi kwabanye.
    - Kungcono ukulungisa iziphosiso ngasese.
    - Ukulungisa iziphosiso phambi kwabanye kungaphoxa umuntu, kungabanga isibhongo.

14. Uma ufanele ukujezisa, yenza ngendlela eqondekayo.
    - Uma abantwana nabasha bethemba umqondisi wabo, izijeziso azidingeki kaningi.
    - Kaningi kwenele ukukhombisa ukuthi udumazile.
    - Isijeziso somzimba asivunyelwa nakancane.
    - Jezisa uma uthulile, hayi uma unolaka.
    - Khombisa obala ukuthi awuphindiseli.

15. Ncoma esikhundleni sokukhuza.
    - Uma uncoma abantwana nabasha bakho, bazokwazi ukuthi uyabahlonipha. Lokhu kungabasiza ukwamukela izeluleko zakho kalula.
    - Akusiyo indaba yokudela ukulungisa iziphosiso, kodwa yindaba yokubona futhi izinto ezinhle zezimo zabo neziphiwo zabo.

16. Ubakhuthaze ukuhlaziya izindaba kanye kanye nokwabelana ngalokho abakufundile.
    - Ekugcineni kwelanga elihle nome elibi, impumelelo noma isehluleko, ubameme ukuthi bahlaziye lokho abakwenzile, nokuthi babelane ngalokho abakufundile.
    - Ngokwenza njalo ubanceda ukufunda ngezimpumelelo zabo nengezehluleko zabo nangeziphosiso zabo.
    - Uma befunda kanye kanye, bonke bafunda kangcono.

17. Ubasize ukuthuthukisa amakhono okucabanga.
    - Abantu abadla abaningi bajwayele ukunika abantwana nabasha ulwazi lwabo ngezimo nezehlakalo nezindaba.
    - Uncede abantwana nabasha ukuthuthukisa amakhono okucabanga ukuze bafumane imikhankanyo yabo.
    - Badinga ukuthuthukisa lamakhono ngenxa yekusasa labo.

- Qonda futhi ukuthi uma bethuthukisa lamakhono abo bangasola izeluleko zakho.
- Ngesinye isikhathi uzodinga ukubasiza ukuqonda ukuthi imikhankanyo eminye yabo iphambene nesithunzi sobuntu nezimfundiso zeVangeli.
- Siza abasha labasilisa ukuqonda ukuthi izinhlobo zonke zekuhlukanyezwa nendluzula nelunya ziphambene nobudoda obuyibo.
- Sita abasha abesifazane ukuqonda sithunti sabo nekuzimisela nokusho 'QHA'.

18. Yethula izinkinga zakho kulabo abasebenzisana kanye nawe.
    - Yilowo nalowo unolwazi nengqondo nemikhankanyo engakunceda.
    - Ungezwa ubuhlungu uwedwa, uthulile.

19. Xwaya ukuphangabula.
    - Zama ukuba nesimo esingaguqukiyo njalo njalo.
    - Iqembu labothishela malibe nendlela eqondekayo yokuphendula ezimweni zonke nokuziphatha okulungileyo ezimweni zonke.
    - Uma yilowo nalowo enemathemba ehlukene nokuziphatha okwehlukene nezindlela ezehlukene yokuphendula, abantwana nabasha bazodideka.

20. Uziphathe ngendlela eqondekayo.
    - Ungazami ukwenza okudlula amandla akho.
    - Ungesabi ukucela usizo.
    - Phumula uma ukhathele.
    - Kulukhuni ukuba phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obugcwele uthando nomusa uma ukhathele.

UKUXOXISANA

1. Yiziphi izeluleko ezisiza wena uqobo?
2. Uma uzindla ngalemisebenzi esiyenzayo nangendlela esiyenza ngayo, ingabe na kukhona izinto ezithile ezingaqondeki. Yiziphi?

**INDLELA kaJOHN BOSCO YOKUSEBENZELA ABANTWANA NABASHA (2)**

ISISEKELO SESIBILI SENDLELA YAKHE WUKHOLO.

1. Ukholo luyini?
   - Ngokuvamileyo uma sikhuluma ngokholo nangobudlelwane bomuntu noNkulunkulu siyacabanga ngemfundiso yobukristo nezinkonzo nemikhubu eyisigaba sezinkolo zonke. Lezizimpawu ezibonakalayo zokholo zimqoka, ziyadingeka futhi, ngoba singabantu abanomzimba nomoya, zikhombisa ngendlela ebonakalayo ukholo olukhona ekujuleni komoya womuntu.
   - Kodwa ukholo alusizo izinto ezibonakalayo kuphela.
     - Ngaphambi kwakho konke ukholo lukhona ekujuleni komoya womuntu.
     - Ukholo lukhona ekujuleni kwenhliziyo yomuntu, ngoba kulowo nalowo muntu kukhona ukulangazela okujulile kwaNkulunkulu.
     - Ukholo lusho ukuthi ukubona ubukhona bukaNkulunkulu kokudaliweyo konke nasekuphileni kobuntu nasemlandweni wobuntu.
   - Ukholo lusho ukuthi ukumazi uNkulunkulu njengoMdali noMsindisi wethu nokuphila ekukhanyeni kwalolwazi nokuqondisa ukuphila kwethu kwamalanga onke ngendlela ehambelana nalolukholo.
     - Ukholo oluyilo ludlula izinkonzo ezibonakalayo.
     - Ukholo luyazibonakalisa futhi ngezehlakalo zelanga ngalinye.
     - Kaningi izehlakalo zobuntu zingasinika ulwazi ngoNkulunkulu. Ngalolwazi abantu bakwazi ukubhekana nezimfihlakalo eziningi ekuphileni kwabo – izifo, ubuhlungu, impumelelo, ukwehluleka, izinselelo ezivelayo ekuphileni kwayilowo nalowo muntu, njalo njalo.
   - Ngalendlela ukholo lufuna ukukhulula umuntu enkambisweni engenanjongo, enkambisweni ephelelwa yithemba, enkambisweni engenakulunga, enkambisweni engenasibopho, enkambisweni engenokuzinikela. Ukholo lunika ukuphila kobuntu inhloso ethelayo izithelo ezilungileyo.

2. UJohn Bosco nokholo.

- UJohn Bosco wasungula indlela yakhe yokusebenzela abantwana nabasha ezisekelweni ezintathu: ingqondo (ukuxoxisana), ukholo nothando nomusa.
    - Lezizisekelo ziyahambelana.
    - Ukholo lufanele ukuthinta ingqondo nothando nomusa, ukuze ziqondiswe kangcono.  Nengqondo nothando nomusa zifanele ukuthinta ukholo.
    - Ngakho-ke, endleleni kaJohn Bosco ukholo lunesisindo lesikhulu.

- UJohn Bosco abenelisekile ukuthi osebenzelayo abantwana nabasha ufanele ukufunzelelwa ngothando oluvela othandweni olungenamkhawulo lukaNkulunkulu nasesibonelweni sikaJesu naseVangelini lakhe.
    - UJohn Bosco abenelisekile ukuthi ngalendlela eyodwa uthando lungakhula oludlula ubungane olufudumele nozwelo.
    - Ngaloluhlobo lothando osebenzela abantwana nabasha uzoqonda isithunzi esikhulu sayilowo nalowo phambi kukaNkulunkulu, ahloniphe imfihlakalo yokuphila nekusasa lakhe.

- Ingqondo ifanele ukuqoniswa ngokholo.
    - Ngombono kaJohn Bosco imfundo ingumsebenzi osekelwa phezu kothando lukaNkulunkulu, odonselayo abantu kuNkulunkulu.
    - Ukuziphatha okulungileyo uJohn Bosco owakudala kuOratory bekuyisithelo sokholo.
    - Wanelisa abantwana nabasha bakhe ukuthi yilowo nalowo wabo wadalwa ngokomfanekiso kaNkulunkulu. Kulokukholwa kwavela ukuzihlonipha nokuhloniphana okujulile.
    - Uma isivakashi sikaHulumende wakaEngland savakasha iOratory, eTurin, sabona ukusebenzelana nokuziphatha okuhle phakathi kwabantwana nabasha bakaJohn Bosco eOratory, sabuza simangele ukuthi kwakwenzeka kanjani, UJohn Bosco wamtshela ukuthi izifundo zokholo nokuzigcina zazinamandla amakhulu emfundweni. UJohn Bosco wathi kuso: "Yindaba yokholo noma yesijeziso."

3. Ukugcinwa kokholo eOratory.
   Ukugcinwa kokholo eOratory kwathinta konke obekwenziwayo kuyo, kwathinta imisebenzi yonke, kwakhonjiswa ngezindlela ezehlukene. Singasho okulandelayo.
   - Inkambiso leqondiswa ngelukholo.
     - Bonke ababefundisa – abapriste, othishela nabasizi bonke - babezama ukuphila inkambo elungileyo.
     - Imifanekiso neziphambano nezithombe nemavesi akhuthazayo zabekwa ezimbondeni.
     - UPhapha uPaul VI wathi impumelelo kaJohn Bosco bekuyileyi: UJohn Bosco wethula abantwana nabasha bakhe kuNkulunkulu hayi ngomnyango wesonto kuphela, kodwa nangomnyango weshabhu nekilasi nangomnyango wenkundla yokudlala.

   - Izigaba zonke zokuphila zabonwa ekukhanyeni kwezimfundiso zikaNkulunkulu.
     - Babekwenta konke eOratory ngokulandela ukukhanya kwezimfundiso zikaNkulunkulu nangokumsebenzela.
       UJohn Bosco wagcizelela ubukhona obuthandekayo bukaNkulunkulu, nempendulo yokulalela nothando kulobukhona bakhe obuthandekayo.
       Lokho kwakungumthombo wentokozo eyayikhona eOratory.
       Umgomo wayo bewungulowo: "Sebenzelani uNkulunkulu ngentokozo."

   - Ukufundiswa kwekhathekhisima.
     - Abantwana nabasha bafundiswa ukholo olukhatholika.
     - Bafundiswa phakathi kweviki esikolweni nangamaSonto phambi noma emva kweMisa.
     - Kwelekelelwa ngokugubha amanovena nokugcina izinkonzo zezinyanga ezehlukene.

   - Imikhubu yokholo.
     - Babethandaza ekuseni nasekusihlwa, phambi nasemuva kokudla, phambi nasemuva kwamakilasi, phambi nasemuva kwemisebenzi. Inkonzo yeMisa yagujwa ngelanga ngalinye. Babefumana amathuba okuhlonipha uMaria nabacwebileyo.

   - AmaSakramente.

    - UJohn Bosco wakhuthaza kakhulu ukwamukelwa kweSakramente lokuvuma neSakramente eliyiNgcwele cwe laselathini, ukuze badale, bajulise ubudlelwane noJesu.
    - Ngesinye isikhathi abevumisa ebaleni. Abantwana nabasha babeshiya imidlalo, baya kuJohn Bosco ukuvuma eceleni.

- Ukuzinikela emsebenzini wokumemezela uJesu.
    - UJohn Bosco wasungula izinhlangano eOratory ukuze ancede abantwana nabasha ukusebenzela uNkulunkulu nabantu phakathi kweOratory nangaphandle kwayo. Wafuna ukuthi abantwana nabasha bakhe babe abaphostoli phakathi kwabanye abantwana nabasha.

- Ukuzamela ubungcwele.
    - UJohn Bosco wagcizelela ukuthi bonke babizelwa ebungcweleni nokuthi yilowo nalowo angaba oyingcwele.
    - Ubungcwele buyini?
      Ubungcwele bungukuphila okugcwele uthando.
    - UJohn Bosco wanelisa abantwana nabasha bakhe ukuthi kwakulula ukuba abayingcwele ngokwenza imisebenzi evamileyo yelanga ngalinye ngokunakekela, bakhombise uthando kuNkulunkulu ngayo.

4. Ubungcwele babasha.
    - Ubungcwele yindlela yokugcina ukholo.
    - UJohn Bosco wadala ubungcwele babasha.
    - Lobungcwele bebunenhloso yokusiza abantwana nabasha ukubona ukuthi ukholo lwabo lufanele kubonakala ekuziphatheni kwabo kwamalanga onke.
    - Izihloko ezilandelayo zibufinyeza.
        - Ubungcwele kwamalanga onke.
            - Sihlangana noNkulunkulu emisebenzini esivamile ukuyenza ngalelo nalelo langa.
            - Sihlangana noNkulunkulu kulabobantu esihlangana nabo ngelanga ngalinye.
            - Sidala, sijulise ubudlelwane bethu noNkulunkulu ngokuqonda ubukhona bakhe obuthandekayo

ekuphileni kwethu kwemihla yonke nasebudlelwaneni bethu nalabobantu esizungelezwe yibo mihla yonke.

- Ubungcwele bentokozo nethemba.
  UJohn Bosco wanceda abantwana nabasha bakhe ukuthi bakhuthele ekwenzeni imisebenzi evamileyo yezinsuku zonke njengezifundo, imithandazo, imidlalo, nezimfanelo zonke, ngentokozo.
  Wakhuthaza ubukhuphekhuphe, imidlalo, ukugijima, ukutshekula, ukuthokoza; naye wabekezelela kulowomsindo nakulobobukhuphekhuphe bonke eOratory.

- Ubungcwele obunobudlelwane noJesu.
  UJohn Bosco ubesiza abantwana nabasha bakhe ukuthi baqonde ubumqoka bobukhona bukaJesu enkambweni yabo yamalanga onke nokujulisa ubudlelwane babo noJesu, ongumngane nothishela noMsindisi nomthombo wokuphila kwabo.

- Ubungcwele obuphilwa emphakathini wamakholwa.
  - Ukholo oluyilo lobukristo lusho ukuthi ukubakhona emphakathini wamakholwa oyiBandla.
  - Emphakathini wamakholwa siyakhula ebungcweleni ngamaSakramente nangobunye bethu namanye amakholwa nangokuhlanganyela emisebenzini yomphakathi.
    Umuntu ngumuntu ngabantu.
    Umfundi wakaJesu ungumfundi wakaJesu ngabafundi bakaJesu.
    Futhi-ke emphakathini wamakholwa sifumana uMaria, uNina kaJesu noNina womphakathi, osandulelayo, osiphelekezelayo, osifunzelelayo ohambweni lwethu lokholo.

- Ubungcwele bokuzinikela.
  - Ukuzinikela okuthobileyo yinhliziyo yokholo oluyilo.
  - Umphostoli uJohane wathi: "Sesiyaluqonda uthando oluyilo ngalokhu: kokuthi uJesu wadela ukuphila kakhe ngenxa yethu; nathi-ke ngasidela ukuphila kwethu ngenxa yabazalwane. (1 Johane 3:16)

- Ukuphila kwethu kokholo ngukuzamela ukunqoba ukuzithanda ngokweqile, ukuze sidele ukuphila kwethu ngenxa yabanye.
- Ukuzinikela kuvela othandweni oluyilo.
- Ukuzinikela kufanele ukuba uphawu olubonakalayo lokholo lwethu lobukristo.

**<u>Indlela kaJohn Bosco yokusebenzela abantwana nabasha (3)</u>**

Uthando nomusa yisisekelo sesithathu sendlela kaJohn Bosco yokusebenzela abantwana nabasha.
Lesisisekelo simqoka kakhulu endleleni yakhe.

- Uthando nomusa kusho ukuthi ubudlelwane bothando phakathi kwabantu.
- Isisekelo nomthombo walobudlelwane wuthando lukaNkulunkulu.
- Umqondisi uthanda abantwana nabasha ngothando olufanayo nalolu uNkulunkulu abathandayo ngalo.
- Uthando lufanele ukubonakala nokuzwa.
  UJohn Bosco wathi: "Akwenele ukuthanda abantwana nabasha. Kumele bazi ukuthi bayathandwa."
- Imfundo yindaba yenhliziyo, hayi ngengqondo kuphela nje.
  Ngalamanye amazwi ukuthembana kuyadingeka kakhulu emsebenzini wemfundo.
- Ukuthembana kuvela othandweni.
- Uthando luvela ebunganini.
- Ubungani buvela ebukhoneni.
- Ubukhona bufanele ukubonakala ngezimpawu nezenzo.
- Nceda abantwana nabasha ukuqonda isithunzi sabo nokuthuthukisa ukuzihlonipha.
- Beka izinhloso phambi kwabo, ubakhuthaze ukunqoba ubuthakathaka babo.

Zama ukudala isimo esinceda imfundo.

- Dala isimo esigcwele intokozo, imidlalo, ukubambisana nobuntu obuyibo.
- Dala isimo lapho abantwana nabasha bangakhula khona, babe abantu abalungileyo.
- Dala isimo lapho bangaphila khona sengathi basemindenini.
- Dala isimo esigcwele ukuthembana.
  UJohn Bosco wathi: "Imfundo yindaba yenhliziyo."
- Imfundo ayisiyo indaba yokuphumelela ekuhlolweni kuphela nje.
- Imfundo eyiyo isho ukufundisa indlela eyiyo yokuziphatha.
- Ukufundisa indlela eyiyo yokuziphatha kusiza bantwana nabasha ukudala ubudlelwane obuthandekayo, ubudlelwane obunakekelayo, ubudlelwane obungafuni ukusebenzisa abanye ngenxa yosizo lwabo.
- Ubudlelwane obuyibo bobuntu bungeke budalwe uma omunye ephatha omunye sengathi uyinto nje engasetshenziswa ngenxa yosizo lwakhe.
- Inkululeko iyadingeka kakhulu ebudlelwaneni obuyibo bobuntu.

- ❖ Inkululeko iyadingeka kakhulu ebunganini phakathi kwabasha abesilisa nabasha abesifazane.
- ❖ Isimo sokuthi abesilisa banesithunzi esidlula isithunzi sabesifazane sifanele ukulahlwa ngokuphelele.

Ukuhlangana nabanye abantu kunqoka.

- ❖ Umqondisi udinga ukuthintana nabantwana nabasha bakhe.
- ❖ Umqondisi udinga ukwazi imindeni yabo nesimo sokuphila kwayo.
- ❖ Umqondisi udinga ukwazi izinkathazo nezinkinga zabo.
- ❖ Ukuthintana kuqala ngezimpawu zenhlonipho nothando nolwazi.
- ❖ Siyabamukela ebunjanini esibafumana kubo khona manje, siqale khona ukubasiza ukuthi bakhule, baguqule inkambo yabo.

Ubudlelwane obusizayo imfundo.

- ❖ Yilowo nalowo unesibopho sokuthuthukisa ukuphila kwakhe.
- ❖ Akusiwo umsebenzi wothishela ukwamuka lesisibopho sabantwana nabasha, kodwa ukusivusa nokusikhanyisela ukuze bakwazi ukukhetha ngenkululeko ekukhanyeni kokulungileyo nezinhloso ezilungileyo. Izwi elisho 'to educate' (ukufundisa) livela ezwini leSilathini 'educare' . Lelizwi lisho ukuthi 'ukudonsa' hayo 'ukuthela'.
- ❖ Umqondisi unesigaba esimqoka. Ngobukhona bakhe angabanika iseluleko nesithelo solwazi lwakhe. Ngokumazi nangokumthemba abantwana nabasha bangafunzelelwa ukulandela isibonelo sakhe.
- ❖ Umqondisi ufanele ukwamukela abantwana nabasha ebunjanini abafumana kubo khona manje, aqale ukubanceda ukuthi bakhule, baguqule inkambo yabo uma kudingeka.
- ❖ Esimweni lapho sibafumana khona manje kulapho uNkulunkulu akhethile ukubamema ukuqala uhambo lokuphila kwabo konke.
- ❖ Sifanele ukuqonda ukubekezela kukaNkulunkulu esifanele ukukulingisa.
- ❖ Sifanele ukuqonda ukuthi yilowo nalowo usesimweni siphi ngaphambi kokumnika izeluleko nokuhola.

Ukubakhona.

- ❖ Ubukhona yisigaba esimqoka sendlela kaJohn Bosco yokusebenzela abantwana nabasha.
- ❖ UJohn Bosco waqonda isisekelo sothando nomusa njengobukhona obugcwele uthando nomusa nobungani bomqondisi phakathi kwabantwana nabasha.
- ❖ UJohn Bosco wabiza ubukhona obunjalo 'ASSISTANCE'.

Kulukhuni ukuhumusha lelizwi ngeSizulu. Singazama ngokusho: 'Ubukhona obusizayo'.

- Umfundisi Lemoyne owabala umlando wempilo kaJohn Bosco, wathi uthando lwakhe lwabantwana nabasha belunje:
  - UJohn Bosco uqobo lwakhe wayekhona phakathi kwabantwana nabasha njalonjalo, eya eqenjini ngalinye.

  - Bengaqondi, uJohn Bosco ngokuxoxisana nabo wathola ukuthi babephila kanjani emoyeni nokuthi babedingani.
  - Komunye ubenyenyeza iseluleko endlebeni yakhe; komunye ubemnika iseluleko maqondana nenkambo yakhe; komunye ubekhuthaza ukuthi amukele amaSakramente. Ubelibala isikhashana nalabo ababenesizungu nalabadumele, ubezama ukubathokozisa. Yena uqobo ubejabulile njalonjalo, emamatheka, kodwa ubebheka konke ngamahlo aqaphelayo.

    (BM 111 – pp 79-80)

    UJohn Bosco wabatshena futhi, ethi: "Ngikhona phakathi kwenu imizuzu yonke emini nasebusuku ngenxa yenhlalakahle yenu."

    (BM VII pp 302)

Ubukhona obuvikelayo.

- UJohn Bosco ubenethemba elijulile uma ekhuthaza abantwana nabasha bakhe ukuthi babe nesibopho maqondana nokuphila kwabo. Wathi: "Noma abantwana abangalungile banobuhle obuncinyane ekujuleni kwenhliziyo zabo."
- Kodwa ubeqonda isimo senkambo yabo njengoba besinjalo. Watshena abasizi bakhe ukuthi 'abantwana nabasha baphula imithetho kaningi ngokungacabangi, hayi ngenzondo, ngokungabi nababheki abalungileyo, hayi ngezinhloso ezimbi.' (BM IV – pp 386)

  Ubeqonda isimo sezinhliziyo zabantwana nabasha uma befika ezikolweni zakhe. Ubeqonda ukuthi phakathi kwabantwana nabasha abeza eOratory abanye babengalungile, abanye babengakwazi ukuziphatha kahle, abanye babethanda ukuzijabulisa nje, abanye babengafuni nakancane okulungileyo, abanye babevilapha, nokuthi bangadonsela abanye ebubini ngezibonelo zabo ezimbi.

  (BM IV – pp 395)

  Abaningi babo babesanda ukuphuma ematilongweni nasekuphileni ezitaladini.
- Ubukhona obuvikelayo bebudingeka ukubavimbela ukudonsela abanye ebubini.

Ubukhona obuqhubekisa okulungileyo.

- ❖ Njengombono kaJohn Bosco ngobukhona obuvikelayo ubefuna ukuvimbela abantwana nabasha bakhe ukuwela ebubini, kodwa ikakhulu ngombono wakhe ubefuna ngobukhona obuvikelayo ukuthi bamukele isibopho maqondana nokuphila kwabo nokuthi ngokubambisana kwabo ubenceda ukufumana izindlela ezilungileyo zokwenza njalo.
- ❖ Kulokuqondiswa akunika othishela bakhe uJohn Bosco wathi: "Zamani ukuba khona phakathi kwabantwana nabasha, nichithe isikhathi esiningi nabo. Zamani ukunyenyeza izwi lomusa ezindlebeni zabo eceleni uma nithola ukuthi kuyadingeka. (BM V – pp 449)

Indlela yokuvimbela kaJohn Bosco isho ukuthi:

- ❖ Ukuba khona phakathi kwabantwana nabasha nangalokhu ukukhombisa umnako ngokuphila kwabo.
- ❖ Ukuba khona phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obunobungani obufudumele, hayi njengombheki kuphela nje.
- ❖ Ukuba khona phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obukhuthazekayo, ukuze ubavikele ebubini, uqhubekise okungabasiza ukukhula emoyeni.
- ❖ Ukuba khona phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obufunzelelayo, ubakhuthaze ukuhlanganyela ekulungiseleni nasekufezeni imisebenzi yonke nokwamukela isibopho ngekusasa labo, ubaphelekezele ohambweni lwabo lokukhula njengabantu abayibo.
- ❖ Ukuba khona phakathi kwabantwana nabasha ngobukhona obufakazayo.
  Ukulunga okubonakalayo enkambeni yothishela kuzonceda abantwana nabasha ukucabanga ngenkambo yabo nekusasa labo.

Izeluleko  ngobukhona obusizayo.

- ❖ Ngombono kaJohn Bosco ubukhona obusizayo abusiyo indlela yokucindezela abantwana nabasha ukugcina imithetho.
- ❖ Ubukhona obusizayo kusho ukuthi ubukhona obugcwele uthando nomnako.
- ❖ Ubukhona obusizayo kusho ukuthi okulandelayo:
  - Ukuthatha isinyathelo sokuqala. Ukuhlangana nabantwana nabasha lapho bekhona nokungesabi ukuba phakathi kwabo nokudala ubungani nabo.
  - Ukuba phakathi kwabantwana nabasha.

UJohn Bosco watshena abantwana nabasha bakhe, wathi: "Lapha phakathi kwenu ngizizwa ngithokozile kakhulu. Kimi ukuphila kusho ukuba nani lapha njalonjalo." (BM IV – pp 455)

- Ukuxoxisana nabo ngezindaba abazithandayo nangemisebenzi abayithandayo.
- Ukuba umoya munye nabo. Ukukhombisa ikhono lokuqondisisa ngokujulile izinto abazithandayo, kodwa ukungakhohlwa umsebenzi wethu njengabaqondisi.
- Izeluleko.
  Ukweluleka imisebenzi, ukunika amacebo, ukunika iseluleko nolwazi nokubakhuthaza ukuthi babelane emaqenjini.
- Ukufakaza.
  Ukukhombisa ngamazwi nangezenzo lokulunga ophila ngakho, ukuze bakubone. Ukuzimisela ukubachazela ukholo lwakho.
  "INkosi uKristo maniyaphathe ngobungcwele ezinhliziyweni zenu, nihlale nilungele ukuphendula yilowo nalowo ofuna ukunilandisa ngethemba esinalo." (1 Petrus 3:15)

- Ukuvimbela.
  Zamani ukuqonda ukukhawuliswa nezingozi abantwana nabasha abahlangana nazo ekukhuleni kwabo nezinto ezingabalimaza emzimbeni nasemoyeni.

- Ukudala isimo esilungileyo.
  Dalani isimo esigcwele ukulunga nobudlelwane obufudumele lapho kuso abantwana nabasha bangakhula khona emoyeni nasemzimbeni.

- Ukuphelekezela.
  Ngokuxoxisana okubekezelayo sizani abantwana nabasha ukuthi ngenkululeko bazikhethele okulungileyo nokukholwa okungabaqondisa ekuphileni kwabo.

- Ukubanika isibopho.
  Ukubasiza ukwamukela isibopho sokudala umoya olungileyo ezimweni zonke abangazifumana kuzo.

- Ukubakhuthaza ukufunisisa amathuba amasha okusebenzisana: ngesikhathi sokuphumula, ukuvakashela abanye abasha, ukuthintana phakathi kwamaqembu ahlukene abasha, ukugujwa kwezinkonzo zabasha, njalonjalo.

Kukhona izindlela ezintathu zokuphendula isimo sabasha.

1. Ukungabanaki nakancane – ungabenzeli lutho.
2. Ukubasola – ukubona amacala neziphosiso zabo kuphela nje.
3. Ukuba nomnako ngabo nokubasebenzela nokubafundisa.

Kodwa sifanele ukuqonda ukuthi asikwazi ukwamukela imicabango yabo yonke nokuziphatha kwabo konke.
Kukhona iziphosiso ezenziwa yibo nezindlela ezingalungile zokuziphatha esingakwazi ukuzamukela.
Siyalahla konke okuphambene noKristo neVangeli lakhe, nakho konke okuphambene nobuntu obuyibo kulesikhathi samanje.
Kodwa siyaqhubeka ukuba phakathi kwabo ukuze sibasize ukunqoba konke okuphambene noKristo.

## INDLELA YOKUVIMBELA kaJOHN BOSCO YOKUSEBENZELA ABANTWANA NABASHA. (4)

Kungabonakala ukuthi indlela kaJohn Bosco yokusebenzela abantwana nabasha wuhlelo lwabasebenzela abantwana nabasha kuphela.
Kodwa sibonile ukuthi indlela yokuvimbela kaJohn Bosco ifanele ukucwilisa izigaba zonke zokuhamba kwethu.

- Ifanele ukucwliisa ukholo lwethu kuNkulunkulu.
- Ifanele ukucwilisa ubudlelwane bethu bonke nabanye abantu.
- Ifanele ukucwilisa indlela yethu yokuphila emphakathini ngothando olukwazi ukudonsela abanye othandweni.

- Lomphakathi ungaba:
    - umphakathi wezindela.
    - umphakathi womndeni.
    - umphakathi wesikolo.
    - umphakathi wabasha.
    - umphakathi emsebenzini.

- Izisekelo ezintathu zendlela yokuvimbela kaJohn Bosco yilezi:
    - Ingqondo (ukuqondisisa, ukuxoxisana)
    - Ukholo.
    - Uthando nomusa.

- Singaqonda ubumqoka balezizisekelo emndenini.
- Zimqoka ikakhulu kulesisikathi samanje uma ubudlelwane emindenini eminingi bubuthakathaka kakhulu.
- Indlela yokuvimbela kaJohn Bosco yindlela abazali abangaphila ngayo emindenini ngomoya weVangeli.

Indlela yokuvimbela kaJohn Bosco isho ukuthi:

- Ukuhlala phakathi kwabantu.
- Ukubazi kahle.
- Ngakho-ke, abazali bobabili bafanele ukuba khona emndenini ngokuba khona okugcwele uthando nomusa nomnako kusukela elangeni lomshado wabo.
- Ngalokhu bazoqinisa ngelanga ngalinye izifungo abazenzile enkonzweni yeSakramente lomshado zokuthandana ngothando oluthembekileyo kuze kube sekufeni.

- ❖ Ngalendlela futhi bazodala umoya wothando, uxolo nokuzwana emndenini, nalomoya uzothinta ukukhula kwabantwana babo emoyeni nasezimbeni nasengqondweni nasenhliziyweni.

## INDLELA YOKUVIMBELA kaJOHN BOSCO YINDABA YENHLIZIYO.

- ❖ Abazali bafanele ukuba khona emndenini ngendlela egcwele uthando nomusa nomnako, bamukele ukuzinikela okudingekayo ukuze benze njalo.
- ❖ Ukuwenza umntwana okusho ukuthi ukuba abazali ngukwamukela isibopho esikhulu.
  - Kusho ukuthi ukunceda umuntu omusha odaliweyo ngokomfanekiso kaNkulunkulu ukuze akhule kahle emoyeni nasemzimbeni nasengqondweni nasehliziyweni nasohawini.
  - Abazali bafanele ukuqala ukudala ubudlelwane nabantwana babo obugcwele uthando nomusa nomnako kusukela elangeni lokuzalwa kwabo.
  - Ukwenza njalo abazali bobabili bafanele ukuthandana ngothando olunokuzinikela nokudela ukuphila kwabo ngenxa yabantwana babo.
  - Abazali badinga ukubazi abantwana babo nabantwana badinga ukubazi abazali babo. Bangenza njalo kuphela ngokuhlala kanye kanye emndenini.
  - Abantwana badinga ukwazi nokuzwa uthando lwabazali babo, ukuze bazizwe ukuthi bayathandeka.
  - Ukuzizwa ukuthi bayathandeka kudala ukuzihlonipha.
  - Ukuzihlonipha kudingeka kakhulu, ukuze abantwana bakwazi ukudala ubudlelwane obulungileyo nabanye emuva ekuphileni kwabo.

## ISISEKELO SOKUQALA SENDLELA YOKUVIMBELA kaJOHN BOSCO – INGQONDO (UKUQONDISISA, UKUXOXISANA)

- ❖ Kumelwe abazali bakwazi ukuhlala phansi nokuxoxisana ngezigaba zonke zokuhlala kwabo.
- ❖ Ingxoxo iyadingeka phakathi kwabazali nabantwana ikakhulu uma sebakhula-khulile.
- ❖ Kodwa ingxoxo ifanele ukuba khona kusukela ekuqaleni kokuphila kwabo emdenini.

- ❖ Uma ingekho kusukela ekuqaleni kokuphila kwabo emndenini, abantwana bangeke bamukele kalula izeluleko zabazali uma sebakhula-khulile, bekhuthazela ukuzimela, kodwa basadinga ukuqondiswa.

**IZELULEKO EZINGALEKELELA**

1. Khulumani nabantwana benu, nibachazele izizathu zalokhu enifuna ukuthi bakwenze.
2. Anibasize ukulalela lokhu enifuna ukuthi bakwenze, ngoba babona ukuthi kulungile, hayi ngoba besabe isijeziso.
3. Anibakhumbuze kaningi ngalokhu enikubheka kubo. Abantwana nabasha bakhohlwa ngokushesha.
4. Anibancede ukukhula ukuze babe abantu abalungileyo nabafundi abathembekileyo bakaJesu.
5. Ningakhonondi njalo njalo ngobuthakathaka neziphosiso zabo. Zamani ukuqonda ukulunga neziphiwo zabo, nibababaze ngazo. Ngokubona ukulunga neziphiwo nalokhu abakwazi ukukwenza kahle, ningabasiza ukubona iziphosiso nobuthakathaka babo, nokuqonda ukuthi bafanele ukubunqoba.
6. Ncomani kunokuthi nikhuze.
    - Uma nitusa abantwana benu ngokulunga neziphiwo zabo, bazokwazi ukuthi niyabahlonipha, nabo bazomukela izeluleko zenu kangcono kakhulu.
    - Akusiyo indaba yokuyekela ukukhuza, kodwa yindaba yokugcizelela futhi iziphiwo zabo nalokhu abakwazi ukukwenza kahle.

**ISISEKELO SESIBILI SENDLELA YOKUVIMBELA kaJOHN BOSCO – UKHOLO**

Uma sikhuluma ngokholo sijwayele ukusho ukuthi ukuphila okuqondiswa ngezimfundiso zeVangeli likaJesu.

- ❖ Ukholo lusho ukuthi:
    - ukulazi ukholo lwethu.
    - Ukugubha ukholo lwethu.
    - Ukuphila ngokholo lwethu ngelanga ngalinye.
    - Ukholo wuhambo lokuphila kwethu konke kanye noJesu emphakathini wamakholwa, siqondiswa ngezimfundiso zakhe, sizama ukudonsela abanye ohambweni lwethu noJesu, besiphelekezela ohambweni lokholo.

- Ngakho-ke, kuloluhambo lokholo kanye noJesu emphakathini wamakholwa sibizelwa:
    - ukumazi uJesu nokujulisa lolulwazi ngaye.
    - ukugcina lolukholo emindenini nasemphakathini wamakholwa nasesizweni.
- IBandla elikhatholika ligcizelela njalo njalo ukuthi abazali bangabothishela bokuqala babantwana babo. Yibo abanesibopho sokubafundisa ukholo.
- Ukholo lufuna ukukhulula abantu enkambisweni engenanjongo, enkambisweni ephelelwa yithemba, enkambisweni engenakulunga, engenasibopho, engenakuzinikela. Ukholo lunika ukuphila kwabantu inhloso ethelayo izithelo ezilungileyo.
- Abazali bafanele ukuba abelusi abahle emndenini wabo:
    - ngokukhombisa indlela yokuphila okulungileyo.
    - ngokukhombisa indlela ngokunakekela ukuthi uJesu ukhona emndenini.
    - ngokukhombisa indlela ngokumazi uJesu neVangeli lakhe nokusiza abanye emdenini ukumazi.
    - ngokukhuthazela ukuphila iVangeli lothando emndenini.
    - Ngokudala umoya wokholo emndenini ngokuba nezikhathi zokuthandaza kanye kanye, ngokufunda izwi likaNkulunkulu emndenini, ngokuba kanye kanye emphakathini wamakholwsa ngamaSonto.
    - Lokusebenzisana kwabazali kudingeka kakhulu, ukuze ukufundiswa kwekhathekhisimu kuthele izithelo eziyizo.

## <u>UKUGCINA UKHOLO EMNDENINI</u>

Ukholo lufanele ukuthinta izigaba zonke zokuphila emndenini.
Abazali bafanele ukukhuthazela ukudala umoya wokholo emdenini:

- ngesibonelo sabo esihle nokuziphatha kwabo okuhle.
- ngokuqonda ukubakhona okuthandekayo kukaNkulunkulu emndenini, nokusiza abantwana ukuqonda nokuzizwa lokubakhona kukaNkulunkulu emndenini.
- ngokunakekela ukuthi abantwana babo bazi ukholo lwabo.
- ngokukhuleka ngokuthembeka emdenini nasesontweni.
- Ngokwamukela iSakramente lokuxoliswa(ukuvuma) neSakramente eliyiNgcwele cwe laselathini, nangawo ukudala nokujulisa ubudlelwane babo noJesu.

- ❖ Ngokwabelana nabampofu ngalokhu abanakho, nokunakekela ukuthi abantwana babone ukuthi basiza abampofu nesizathu sokwenza njalo.
- ❖ Ngokukhuthazela ukuba abayingcwele.
  UJohn Bosco wagcizelela ukuthi bonke babizelwa ukuba abayingcwele nokuthi yilowo nalowo angaba oyingcwele. Wanelisa abantwana nabasha bakhe ukuthi kwakulula ukuba abayingcwele ngokwenza imisebenzi evamileyo yelanga ngalinye ngokuqaphela, bakhombisa uthando kuNkulunkulu ngayo.
- ❖ Abazali bafanele ukwenza imisebenzi evamileyo yelanga ngalinye ngokuqaphela nangokwenza njalo baqhubeka endleleni yobungcwele.

## ISISEKELO SESITHATHU SENDLELA YOKUVIMBELA kaJOHN BOSCO – UTHANDO NOMUSA.

Uthando nomusa kuyadingeka kakhulu emndenini.

- ❖ Uthando nomusa kusho ukuthi ubudlelwane obugcwele uthando nomusa.
- ❖ Isisekelo nomthombo waloluthando wuthando lukaNkulunkulu.
- ❖ Kumele ukuthi uthando lubonakale emndenini.
  UJohn Bosco wathi: "Akwenele ukuthanda abantwana nabasha. Kumele ukuba bazi ukuthi bayathandwa."
- ❖ Ukuthembana ukuvela othandweni.
- ❖ Uthando luvela ebunganini.
- ❖ Ubungani buvela ekubakhoneni.
- ❖ Ukubakhona kudala ubudlelwane obufudumele.
- ❖ Kumelwe ukuthi abazali baqonde ukuthi ukubakhona kwabo okugcwele uthando nomusa nomnako kumqoka ngokudlula konke okunye abangakunika abantwana babo.
- ❖ Abazali bafanele ukudala umoya wothando nomusa nomnako noxolo nokuzwana nentokozo emndenini.
- ❖ Ukubakhona okugcwele uthando nomusa nomnako nokuzwana noxolo nentokozo kumqoka kakhulu endleleni yokuvimbela kaJohn Bosco.
- ❖ Ukubakhona okugcwele uthando nomusa nomnako nokuzwana noxolo nentokozo kumqoka emndenini.
- ❖ Abazali babizelwa ukudala ukubakhona okunje emndenini.
- ❖ Ukusebenza kumqoka ukuze siziphilise, siphilise imindeni yethu.
- ❖ Kodwa abazali bafanele ukuba nesikhathi emndenini kanye nabantwana babo.

- Ngesinye isikhathi abazali baphosisa ngokunika abantwana babo konke abakucelayo.
- Ngesinye isikhathi abazali baxwaya ukuzinikela okudingekayo ekukhuliseni abantwana babo ngokubanika izinto nje.
- Lokhu abantwana abakudingayo ngokudlula konke okunye ngukubakhona kwabazali okugcwele uthando nomusa nomnako nokuzinikela noxolo nentokozo.
- Abazali bafanele ukuzama ukudala imindeni:
    - lapho abantwana bazi ukuthi bayathandwa.
    - lapho abantwana bafundiswa ukuthi ukuthandwa akusiyo indaba yokwamukela kuphela nje, kodwa yindaba yokunikela ngokuphana.
    - lapho ukulangazela kwabo kokunikela kudlula isifiso sabo sokwamukela.
    - lapho ukuzinikela yindlela yokuphila.
    - lapho ukudela ukuphila ngenxa yabanye yindlela yokuphila

- Abazali bafanele ukuba nesikhathi sokuhlala phansi nabantwana babo, sokuphumula nabantwana babo, sokuchitha isikhathi nabantwana babo, sokuxoxisana nabantwana babo, sokubanceda ukuqonda izilingo nezingozi abazungezwa ngazo nokudala ukuzihlonipha (self-esteem) ukuze banganqotshwa yizibonelo zabanye abantwana nabasha.